

UNGANGENA KANJANI KU-“MY COMPLIANCE PROFILE” (MCP) NGE-EFILING

I-MCP inika umkhokhintela ithuba lokubuka isimo sakhe sokuthobela intela njengokuba sidalulwe ngu-SARS ukuze akwazi ukulungisa ukungathobi okuhlonziwe. Ukwethulwa kwe-MCP kuhlomisa abakhokhintela ngolwazi olwengeziwe mayelana nokuthobela kwabo imigomo yentela futhi kuyisiqalo saso sonke isimo sokuthobela okuphatelene nezicelo ze-TCS (isibonelo njengokweThenda noma okobuMsulwa kanye nokunye).

Kubalulekile ukuthi uvame ukuhlale ubheka iSimo sakho sokuThobela iNtela. Lokhu manje sekungenziwa kalula ngokusebenzisa i-SARS eFiling. Landela lezi zinyathelo ukuze ubone i-“My Compliance Profile” ze ubone isimo sakho sokuthobela intela noma izizathu zokuthi kungani kungenzeka ukuthi awuthobelile imigomo yentela nokuthi ungakulungisa kanjani ukungathobi okuhlonziwe.

Isinyathelo soku-1: Ngena ku-eFiling

Ngena kwi-eFiling usebenzisa igama lokuvula kanye negamamfihlo. Uma ubungakabi ngumsebenzisi we-eFiling zibhalise ku- www.sars.gov.za.

Udinga ukuba ngobhalisiwe kwi-eFiling futhi ube nokukodwa okuthelelwayo [njengeNtela yeNgenisomali, iNtelantengo (i-VAT) kumbe iNhlawula-Nganzuzo (PAYE)] osekufakiwe kwiphrofayili yakho yomkhokhintela ukuze ukwazi ukusebenzisa izinhlelo zeSimo seNtobelo-Ntela (I-TCS).

Isinyathelo sesi-2: Yenza usizo lweSimo sokuThobela iNtela luqale ukusebenza

Abengamele ukusetshenziswa kwe-eFiling ezikhungweni nabasebenza ngentela kufanele baqinisekise ukuthi banike amalungulelo afanele kubasebenzisi abadinga igunya lokufinyelela lapho kuvezwe khona isimo sokuthobela. Ngemininingwane eyengeziwe mayelana nokwabiwa kwalawa malungelo, sicela ubheke ku- [“IsiQondiso soSizo lweSimo sokuThobela iNtela kwi-eFiling”](#).

Udinga ukwenza iSimo sokuThobela iNtela sisebenze kanye ngemva kwalokho sizohlala sivulelekile ukusebenza. Gcwalisa ukusebenza okuDidiyela iziNkampani ukuze ubone iphrofayili ephelile yazo zonke izintela (uma ubhalise intela engaphezulu kweyodwa). Uma usuyiqalisile ukusebenza futhi usudidiyele noma wadalula zonke izinombolonkomba zakho zentela ebhalisiwe, uzogunyazwa ukufinyelela kweyakho i-“My Compliance Profile” (MCP).

Isinyathelo sesi-3: Buka i-“My Compliance Profile” yakho

Ungabuka iphrofayili yakho yokuthobela intela ngokukhetha ikhethelo u-“My Compliance Profile”.

Isimo sakho sokuthobela intela sizobe sesivela njengokuhlonzwa kwaso ngu-SARS ebheka le mibandelaelandelayo yokuthoba:

- **Isimo Sokubhalisa** – Kufanele kube ubhalisile futhi uyasebenzisa imikhiqizo yentela okufanele uyithelele;
- **Ukuthunyelwa kwamaphepha entela** - qinisekisa ukuthi awekho amaphepha entela asilele ngemva kosuku olungumqamulajuqu lokuthumela;
- **Isikweletu** - Qiniseka ukuthi kawunasikweletu esisilele ku-SARS nesiqakahlelelwa uhlelo lokusikhokha;
- **Amadokhumenti Okwesekela Afanele** - qiniseka ukuthi awuhlulekanga ukuthumela imininingwane efunwe kuwe ngakwa-SARS.

Ikhasi le-MCP libukeka kanje:

TAX COMPLIANCE STATUS

CLIENT DETAILS	REFRESH STATUS
Client Name:	Last Refreshed:
Trading As:	11/4/2015 2:42:46 PM
Registration Number:	
Tax Reference:	

SEARCH RESULTS


MY COMPLIANCE PROFILE

MY COMPLIANCE PROFILE	
REGISTRATION	Compliant
SUBMISSION OF RETURNS	Compliant
DEBT	Compliant
RELEVANT SUPPORTING DOCUMENTS	Compliant

[Further Information](#) [Challenge Status](#) [How to address non-compliance](#)

Kuzokuvela iphrofayili ephawulwe ngemibala ukuze ibalule ukuthi uyathoba noma cha.

- **Obomvu** – Izindaba zakho zentela kazihlelekile futhi kawuthobeli imigomo yentela
- **Oluhlaza** – Izindaba zakho zentela zihlelekile futhi uyayithobela imigomo yentela.

Uma ucindezela inkobho  yokwelula engakwesokunxele sokubhalwe Ukubhalisa, Ukwethula Izimbuyiselo, Izikweletu kanye namaDokhumenti Esekelayo, kuzovela ulwazi oluthe xaxa mayelana nesimo sokuthoba salowo ongumsebenzisi we-eFiling. Uma ubona inkobho ebomvu ekhomba ukungathobi, elula ukuze ubone isizathu sokungathobi nesu lokusilungisa.

Lezi zibaluli eziphawulwe ngemibala ziyisifinyezo sokuphelele sesimo sakho sokuthobela intela mayelana nezidingo zakho zokuthoba.

Ngeminye imininingwane ngalezi zinyathelo, buka [isiQondiso soSizo leSimo sokuThobela iNtela kwi-eFiling](#) yethu.

Ngenzenjani uma i-“My Compliance Profile” Ibomvu?

Okukhethwa kukho koku-1: Ukulungisa Ukungathobi

Ukuze kubhekwane nesimo sokungathobi, ungakhetha isibaluli sesimo se-"Non-Compliant" ukuze ubone ukuthi yini okudingeka uyenze ukulungisa isimo sokungathobi. Okanye, ungalungisa isimo sokungathobi ngemigudu ekhona nezinhlelo ezidalulwe lapho.

Okukhethwa kukho kwesi-2: Ukuphikisa isimo sakho sokuthobela intela

Uma ungagculisekile noma ungavumelani nesimo sakho sokuthobela intela, ungenza isethulo esisho ukuthi kungani u-SARS kufanele abuyekeze isimo sakho sokuthobela intela. Lokhu kungenziwa nge-eFiling ngokucindezela ku-“Challenge Status” bese wethula isizathu esiseka ukuthi kungani u-SARS kufanele aphinde abuyekeze isimo sakho sokuthobela intela. Ngemva kokwethula uzothola incwadi eshoyo ukuthi isethulo sisitholile bese uthola nenombolo yecalala. Uma kukhona amadokhumenti esekelayo njengobufakazi bokukhalaza zakho, usuzokwazi manje ukuthumela ngekhasi lokusebenza.

Ikhethelo lika-“My Account Enquires” ngaphansi kweSimo sokuThobela iNtela sikwenza ukwazi ukubuka imibuzo mayelana ne-akhawunti nokubandakanya inqubekela phambili ngalokho okuthumelile “Ukuphikisa iSimo”.

Ngabe udinga usizo?

Shayela i-SARS Contact Centre kule nombolo 0800 00 SARS (7277) noma uvakashele [igatsha lakwa-SARS](#) eliseduze nawe.